AS2018-1-1-1

**UMLAYEZO WENDUDUZO EMNDENINI WOMFUNDISI MASHIYANE NGOKUHAMBA KUKANKOSIKAZI THANDIWE REJOICE MASHIYANE (UMA-NTUILI) OVELA KUMENGAMELI WEQEMBU LENKATHA YENKULULEKO UMNTWANA UMANGOSUTHU BUTHELEZI**

**UFUNDWA NGUMHLONISHWA UNKOSIKAZI ZANO NGCOBO IMEYA YASEMSINGA NELUNGU LOMHLAHLANDLELA WE-IFP (I-NATIONAL COUNCIL)**

**NGOMGQIBELO ZINGU-27 JANUARY 2018 : EMADADENI**

---

Egameni lami, umndeni wami nasegameni leQembu lethu Inkatha Freedom Party ngicele uMhlonishwa iMeya yaseMsinga ukuba ingilethele umlayezo wenduduzo ngokuhamba kukadadewethu othandekayo uNkosikazi Rejoice Thandiwe Mashiyane, sonke esimaziyo udadewethu. Siyazi ukuthi ubeyinceku kaNkulunkulu, ebimthanda uSimakade futhi imsebenzela. Futhi inomthwalo omkhulu wokuba yiNkosikazi yenceku kaNkulunkulu uMfundisi uMashiyane. Siyazi ukuthi neSizwe sonke usisebenzele kangakanani njengoba wabengumhlengikazi iminyaka eminingi.

Siyambonga uMphemba ngoba indima uNkulunkulu abemkalele yona uyifezile ngokukhulu ukukhuthala nokuzinikela. Siyazi ukuthi ubegane inceku kaNkulunkulu ebisebenza ukusikhumbuza empilweni yayo ukuthi singabahambi lapha emhlabeni, ngoba ikhaya lethu yikhaya lethu lokugcina yena osefinyelele kulo.

Siyazi ukuthi yena kanye noMfundisi babenomsebenzi wokusikhumbuza njalo ukuthi njengoba uMphostoli ……….. esho noma siphila, noma sifa singabeNkosi. Siyazi ukuthi udadewethu othandekayo usesezandleni zeNkosi yethu eyasifelayo.

Ukuhamba kwesibathandayo bethu abanjengodadewethu lona osezobekwa endlini yakhe yokugcina kuyasikhumbuza thina maKrestu iziqinisekiso iNkosi yethu eyasifelayo

eyasishiya nazo. Ngosuku olunjengalolu lokwehlukana kwethu nesibathandayo kuyasikhumbuza iziqinisekiso zayo iNkosi yethu ukuthi okholwa yiyo akafi, uyaphila ngoba usenokuphila kwaphakade. Njengoba sibona encwadini ngokubhala koMphostoli uJohane. Isahluko 11 ngenkathi kushona umngani wayo iNkosi yethu uLazaru. Nxa efika uJesu esengcwatshiwe umngani wakhe uLazaru, udadewabo kaLazaru uMarta uthi evesini 21 wayesethi uMarta kuJesu;

21 *"NKOSI UMA UBUKHONA UMNEWETHU NGA ENGAFANGA.:*

22 *KEPHA NGIYAZI NAKALOKHU UKUTHI NOKUBA YINI ONGAKUCELA KUNKULUNKULU, UNKULUNKULU UYAKUKUNIKA KHONA".*

23 UJesu wathi kuye: *"UMNEWENU UZAKUVUKA."*

24 UMarta wathi kuye: *"NGIYAZI UKUTHI UYAKUVUKA EKUVUKENI NGOSUKU LOKUGCINA."*

25 UJesu wathi kuye: *"MINA NGINGUKUVUKA NOKUPHILA; OKHOLWA YIMI NOMA EFA WOPHILA."*

26 *NALOWO OPHILA, AKHOLWE YIMI, KASOZE AFA NAPHAKADE."*

Naso esinye seziqinisekiso zayo uqobo lwayo kithi thina zoni asifelayo.

Maningi amakholwa aye athi kwenele uma esonta ekholwa kuKrestu, ngakho abathi izindaba zalaphemhlabeni abazingeni eziphatha umbangazwe nombusazwe. UBaba uMfundisi lona kunjalo, ngangithi mina wayengenalo ithuba lokubanjalo ngenxa yalomsizi wakhe owayemganile. Bobabili bebengahlonizi ngokubanathi kuzo lezi ezinodaka, lapha kuhlupheka khona abantu bakaNkulunkulu. Umama uMaNtuli

wayeshabasheka ngokuhlupheka kwabantu bakithi. Sihambe naye noMfundisi indlela ende kakhulu sisemzabalazweni wenkululeko. Sihambe nabo, sagijima nabo njengoba sekuze kwabalapha njengoba esesishiyile-nje udadewethu eseye lapha nathi sonke esiya khona.

Siphilela ethembeni lokuthi ngomusa wakhe sizobuye sihlangane nodadewenu nxa nakithi icilongo selikhalile elisimemezayo, sonke sisedilesini.

Sicela uSimakade wamaBandla asiduduzele uBaba uMfundisi nomndeni wakhe wonke. Sicela ukuthi iNkosi yethu isiduduzele umndeni wakwaMashiyane. Sicela Ophezukonke asiduduzele umndeni wakwaNtuli.

Siyazikhalela sonke esesihambe lendlela ende kangaka nodadewethu uMaNtuli. Silahlekelwe. Siyambongela ngokuphumula ngoba uzwe ubuhlungu isikhathi eside. Kodwa kukhokonke lokho kazange ayilahle iNkosi eyasifelayo, ubeyisifundo kithi sokubekezela.

Simzwela noBaba uMfundisi njengoba sibazi ubuhlungu naye obumphetheyo nobuhlungu ebebuzwa ngobuhlungu umkakhe abebuzwa.

Esikucelayo yikuthi alale ngokuthula uMphemba.

Sibonga kuBaba uMfundisi nomndeni wakhe ngokuseboleka kwabo impilo yakhe sonke lesisikhathi sisebenza naye.

Ngikhalela namalungu eQembu lethu ngoba ubeyisibonelo esihle ukuthi ukuzinikela ngempela eQenjini kusho ukuthini.

Hamba kahle Qhawekazi lethu! okumhlophe Mbhele!

